



Ithimba labesiFazane Abanethemba bakwaTWR bezivocavoca.

Gxila:

Siyadumisa Sibonge uBaba wethu

IsiZulu

Mikhulu imisebenzi ka Jehova, iphenywa yibo bonke abathokoza ngayo. Umsebenzi wakhe ungubukhosi nodumo, nokulunga kwakhe kumi phakade. Wenzele izimangaliso zakhe isikhumbuzo; uJehova unomusa nobubele. Amahubo 111:2-4.

Kuhle ukubheka izimpilo zethu—sithathe isikhathi sizikhumbuze—bese sidumisa futhi sibonge uBaba wethu ngalokho asenzele kona. Umhubi kulama vesi angaphezulu uthi uNkulunkulu uyasenza ukuthi sikhumbule imisebenzi yakhe emihle. Manje kuyini ukuphendula komhubi ngokukhumbula? Uyaqhuma ngendumiso enokubonga, indumiso; uJehova unomusa nobubele!

Ufuna ukumbongela yini uNkulunkulu? Imuphi umcabango oletha intokozo kanye nokubonga enhliziyweni yakho uma uzikhumbuzo ngokuthi uNkulunkulu ungenelele kanjani futhi wakuhlinzeka kanjani? Ikuphi ukuphiliswa, nokunethezeka, nothando kanye nenkululeko uNkulunkulu asekuphe yona.

Kodwa indumiso yethu ayikaleliwe kulezi zibusiso uNkulunkulu aziletha kithi. Impilo ijwayele ukuba budlabha futhi iphinde ibe nzima. Iyphi indawo enzima lapho uzithola ulangazelela umthandazo, uze ubone ukuthi uNkulunkulu uhlezi enawe futhi ungumthombo wethemba kanye nokuthula phakathi komzabalazo oqhubekayo?

Kulenyanga siyamdumisa futhi uNkulunkulu ngalokho akwenzayo emphakathini we TWR Abesifazane be Themba. Amathimba amaningi endawo athatha isinqumo esijabulisayo sokubhala nokukhiqiza izinhlelo zabo zemibhalo. Amaqembu omthandazo ashumayela komakhelwane, iziboshwa nalabo ababambeke ekushushumbisweni kwabantu. Imbewu yezwi lika Nkulunkulu iyatshalwa futhi iyakhula ezinhliziyweni zabalaleli!

Ngakhohlwa, sihlanganyela nomhubi uma simemeza ngentokozo kuNkulunkulu. Siyamdumisa futhi sibonge ngokuba ungufakazi wethu omuhle, osithathe wasenza abantu bakhe futhi uyasithanda ngothando olungapheliyo!

Hlokoma kuJehova ngezwi lokuhalalisa, mhlaba wonke.

Mkhonzeni uJehova ngokujabula, nisondele ebusweni bakhe ngokuhuba kwentokozo.

Yazini ukuthi uJehova unguNkulunkulu; nguye osenzileyo, akuthina, sibe ngabantu bakhe nezimvu zedlelo lakhe.

Ngenani emasangweni akhe ngokubonga, nasemagcekeni akhe ngokudumisa; mbongeni, nibusise igama lakhe.

Ngokuba muhle uJehova; umusa wakhe umi phakade, nokuthembeka kwakhe ezizukulwaneni ngezizukulwane.

(Amahubo 100)

<p>1. Sikhulekele umfundi wase maphakathi ne Asia oxhumane ne thimba labesifazane be Themba eNorway. Ubagqugquzelile ukuthi bahlale bethembekile, ngoba izinhlelo zabo izona ezazingukuphila kwakhe ngesikhathi kunguye yedwa umKrestu esigodini sangakubo.</p>	<p>2. Sikhulekele ukwenyuka kwenamba yabalaleli bezinhlelo "zabesifazane abane Themba" ku Facebook e Romania. Ithimba likwazi ukufinyelela kubantu beminyaka ehluhluhlu, izinga lemfundo eyahlukene kanye nabaqhamuka kwimuva elahlukahlukeni ngalendlela.</p>	<p>3. Sikhetha ukubiza igama lakho. Sizazise phakathi kwabantu izenzo zakho. Hlabelelani nimhubele nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke. (Amahu. 105: 1-2).</p>
<p>4. Abesifazane be Themba e Tanzania basakaza ngolimi lwe Kiswahili eziteshini zomoya ezingu 10. Baba, engathi bangaba baningi abagcina bekwazi njengo Msindisi futhi bakhule bagxile kubudlelwano nawe ngenxa yalemisakazo.</p>	<p>5. Ithimba labesifazane abanethemba lizobe lenza umdlalo weshashalazi emajele ase Romania kumkhosi we drama ngo November. Siyacela ukuthi iqiniso lakomoya lidluliswe ngokucacileyo kwababoshiweyo nokuthi bakwazi ukunizwa futhi.</p>	<p>6. Izinhlelo zabesifazane be Themba base Indonesia zisemoyeni kwiziteshi zomoya ezingu 46 bese kuthi izinhlelo ze Javanese zibekwiziteshi zomoya ezingu 22. Lokhu kucishe kusibekele yonke Indonesia, kunikeze abangakhulwa ithuba lokuzwa Ngezwi lika Nkulunkulu.</p>
<p>7. Imicimbi yokugijima ngenxa yohlelo lokuthunywa e Finland bakwazi ukuhlenganisa isikhwama se TWR Abesifazane be Themba e India. Ithimba lase Finland liyabonga ngenkululeko yokukhuluma ngokuvulelekile ngo Jesu kanye nomsebenzi wokuthunywa ngokwevangeli.</p>	<p>8. Ngokuvela kwendawo entsha yokuphepha yabasesifazane abantshontshiweyo eAlbania. Ithimba le TWR Abesifazane be Themba likwazi ukukhuluma ngevangeli kanye nezinhlelo zaMagugu Afihliweyo nabesifazane abangu 8 abantshontshiweyo abafike kwi kamu lase hlobo.</p>	<p>9. Ivangeli liqhubeke e Ukraine. Siyakudumisa ngo sisi bethu abavakashela amakhaya abadala, izibhedlela kanye nezikole ezihlala ngaphakathi, befundisa ngezeluleko zama Krestu ezikoleni. Engathi Izwi lakho lingaqhubekela phambili ngamandla!</p>
<p>10. Ngalokho ke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke. Ukuze kuthi ngegama lika Jesu amadolo onke aguqe, nezilimi zonke zivume ukuthi uJesu Krestu uyiNkosi, kube yinkazimulo kuNkulunkulu. (Filipi 2: 9-11)</p>	<p>11. Banningi abesifazane abajoyine iqembu lomthandazo eSerbia kusukela ekuqaleni kwa March 2019. UNkulunkulu ugqugquzela izinhlizyo zabo ngesikhathi besazwelana ngomthandazo nabesifazane abasezimweni ezinzima emhlabeni.</p>	<p>12. Iningi lamavolontiya e Afrika liyazibandakanya ne thimba le TWR Abesifazane be Themba. Emihlanganweni yabo, abesifazane bayaxhumana nabanye lapho bexoxa bathulule nezinhlizyo zabo.</p>
<p>13. Indlela imikhuleko yeqembu le TWR Abesifazane be Themba abashumayela ngayo, baphinde baluleke ababoshiwe emajele. Baba, enza umsebenzi omkhulu wokuhlaza futhi ubuyise impilo eneqiniso kulaba besifazane nabesilisa.</p>	<p>14. Amadoda nabesifazane esibakhulisayo ukuthi babe ngamaqhawe imikhuleko yeTWR Abesifazane be Themba eFrance. Letha amakhulwa ajoyine, Baba, futhi ubenze bathembeke ekufuneni ubuso bakho.</p>	<p>15. Sikhulekele abasebenza ezigodini zase Malawi futhi bavule neminyango ngenxa yentshumayelo. Siyakudumisa ngaloya mfundisi ohlangana nabesifazane abangu 200 athandaze nabo aphinde ashumaye kubafelokazi.</p>
<p>16. Ungumqali wempilo . Siyabonga kakhulu ukuthi emva kweminyaka emihlanu kunqatshwa, Idili le Mpilo kanye nemashi sekuze kwenzeka ngo Sept. 14, 2019, eZurich, Switzerland.</p>	<p>17. Njengalokho samukela uKrestu Jesu njenge Nkosi, kumele siqhubeke siphile kuye, sitshalwe futhi sakhiwe kuye, siqiniseke ekukholweni futhi sichichime ngokubonga. (Col. 2: 6-7).</p>	<p>18. Izinhlelo zabesifazane be Themba zisakazwe ngolimi lwe Tamil. Imiyalezo efundisa abesifazane, banikezwe uqeqesho lwezandla futhi kuphindwe kubusiswe amadoda alalelayo.</p>
<p>19. Izithembiso ezwini lakho ziyiqiniso futhi zithembekile. Nkosi uyabona usizi lomuntu nomuntu. Futhi lapho bekubiza, uyangenelela ngesikhathi sakho nangendlela yakho.</p>	<p>20. Amagugu afihliweyo akhiqizwe ngolwimi lwase Korea. Siyathandaza ukuthi angasetshenziswa ukushumayela kwabesifazane base North Korea ababalekele e China.</p>	<p>21. Abakhulekayo e Canada yonke bephakamisa izicelo zomkhuleko ze TWR Abesifazane be Themba usuku nosuku. Siyabonga ngokuthembeka kwamavolontiya ahlela iposi nyanga zonke.</p>
<p>22. Iziqephu ezintsha ze Hanna's Cafe e Sweden ziyahlelwa futhi abesifazane abaphelelwe ithemba bayashintshwa ukuze babe ngabesifazane abanesiqiniseko sethemba futhi abanethemba.</p>	<p>23. Sikhulekele abalalela izinhlelo Abesifazane be Themba ePortugal. Baxhumana nethimba labesifazane be Themba ukuze babazise ukuthi izinhlelo zibabusise kanjani.</p>	<p>24. Ngokubonga sikhethiwe, singcwele futhi asinakusolwa phambi kuka Nkulunkulu. Sithengiwe saxolelwa ngomusa ka Krestu. Sabekwa uphawu luka Moya Ongcwele. (Efesu. 1:4-13).</p>
<p>25. TWR Abesifazane be Themba eThopiya bebegubha iminyaka engu 10 beshumayela ngo January 2019. Baba, qhubeka nokusinakekela futhi usiphe izidingo zalo msebenzi.</p>	<p>26. Kumele sijabule njalo, siqhubeke sikhuleke silethe izibongo kuzo zonke izimo; ngokuba lokhu kuyintando yakho ngathi ku Krestu Jesu. (1 Thes. 5:16-18).</p>	<p>27. Ngokulethela ithimba lase Northeast Asia abaqophi abavelele abanethalente abahlela izinhlelo zabesifazane be Themba ngolwimi lwase Vietnam kanye nase Japan.</p>
<p>28. Ngama qembu amancane kanye nezinhlangano ezilungele ukukhipha inkulamo eqoshiwe yaMagugu Afihliweyo ezindaweni ezinobungozi e Germany.</p>	<p>29. Iminyaka engu 60 yenhlanganyelo phakathi kwe TWR ne ERF Germany, ERF iyasebenzisana ne TWR Abesifazane be Themba selokhu yaqala ukubakhona.</p>	<p>30. Asidingi ukukhathazeka ngokuthi siyakudlani, siyakuphuzani siyakwembathani, ngokuba uBaba wethu osemazulwini, uyazi ukuthi siyakudinga konke lokhu. (Mathewu 6:31-32).</p>